W OZA SABELANE NGOKHOLO LWAMI



Adapted from a Bulletin
from
The Griffith Church of Christ
Griffith, Indiana
U.S.A.

ENTERED INTO THE COMPUTER
BY
Bill DeLaughter
(in U.S.A.)
P.O. Box 193
Crown Point, Indiana 46308
U.S.A.

UNkulunkulu uyakuthanda.

NGOKUKAJOHANE 3:16
Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila olouphakade.

KWABASEROMA 5:8
Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela.

1 KAJOHANE 3:1
Bhekani uthando olungaka asinike lona uBaba lokuba sithiwe singabantwana bakaNkulunkulu; futhi aiyibo. Ngalokho izwe alisazi, ngokuba alimazanga yena.

UNkulunkulu unohlelo ngempilo yakho.

NGOKUKAJOHANE 10:10
Isela kalizi kungengokweba nokubulala nokubhubhisa; mina ngize ukuba babe nokuphila, babe nakho kuchichime.

KWABASE-EFESU 1:11
Kuyena esabelwa futhi ifa kuye, esakumiselwa ngaphambili ngokwesimiso salowo osebenza izinto zonke ngokunquma kwentando yakhe.

KWABASE-EFESU 3:11
Ngokwecebo laphakade alenza ngoKristu Jesu iNkosi yethu.

2 KUTHIMOTHEWU 1:9
Owasisindisa, wasibiza ngobizo olungcwele, kungeengokwemisebenzi yethu kepha ngokwelakhe icebo nomusa, esawuphiwa kuKristu Jesu zingakabikho izikhathi.

Ungaphikisana necebo likaNkulunkulu ngawe.

NGOKUKALUKA 7:30
Kepha abaFarisi nezazimthetho balenza ize icebo likaNkulunkulu maqondana nabo bengabhapathizwanga nguye.

NGOKUKAMATHEWU 23:37
Jerusalema, Jerusalema, wena obulala abaprofethi nokhanda ngamatshe abathunyelwe kuwe, kukangaki ngithanda ukubuthela ndawonye abantwana bakho niengesikhukukazi sibuthela amazinyane aso phansi kwamaphiko aso, kepha anivumanga.

Ngenxa yezono zakho, wehlukene nothando luka Nkulunkulu necebo lakhe ngempilo yakho.

KWABASEROMA 3:23
Ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu;

KWABASEROMA 6:23
Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singokuphila okuhakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.

NGOKUKAJOHANE 8:34
UJesu wabaphendula wathi: “Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Yilowo nalowo owenza isono uyisigqila sesono.

Lesosahlukaniso siholela ekwahlulelweni nasekubhujisweni.

KWABASEROMA 2:5-6
Kepha ngobulukhuni bakho nangenhliziyo engaphendukiyo uzibekelela ulaka ngosuku lolaka nolokwambulwa kokwahlulela okulungileyo kukaNkulunkulu oyakuvuza yilowo nalowo ngokwemisebenzi yakhe;

KWABASEROMA 2:16
Ngosuku uNkulunkulu ayakwahlulela ngalo okufihliweyo kwabantu ngokwevageli lami ngoKristu Jesu.

KUMAHEBERU 9:27
Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanyem emva kwalokhu ukwahlulelwa.

1 KUTHIMOTHEWU 4:1
Kepha uMoya usho ngokuchachileyo ukuthi ngezikhathi zokugcina abanye bayakuhlubuka ekukholweni, benaka omoya abadukisayo nezifundiso zamademoni

ISAMBULO 21:8
Kepha amagwala, nabanbakholwayo, nabanengekayo, nababulali, nezifebe, nabathakathi, nabakhonza izithombe, nabo bonke abaqamba amanga, isabelo kabo siyakuba sechibini elivutha umlilo nesibabule, okungukufa kwesibili.”

NGOKUKAMATHEWU 25:46
Laba bayakumuka, baye ekujezisweni okuphakade, kodwa abalungileyo baye ekuphileni okuphakade.”

2 KWABASETHESALNIKA 1:8-9
Elangabini lomlilo, ephindesela kwabangamazi uNkulunkulu nakwabangelaleli ivangeli leNkosi yethu uJesu, abazakunikwa isijeziso esingukubhujiswa okuphakade, basuke phambi kobuso beNkosi naphambi kwenkazimulo yamandla akhe,

Impendulo iyodwa, ikhambi lalesosehlukaniso lilodwa, nguJesu Kristu.

NGOKUKAJOHANE 14:6
ujESU WATHI KUYE: “Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami.

IZENZO 4:12
“Ayikho insindiso ngomunye, ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo.”

KWABASEROMA 5:8-9
ZKEPHA uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela. Ngakho kakhulu sesilungisisiwe ngegazi lakhe, siyakusindiswa ngaye olakeni.

KWABASE-EFESU 1:7
Esinokuhlengwa kuye ngegazi lakhe, ukuthethelelwa kwezono ngokwengcebo yomusa wakhe.

1KWABASEKORINTE 15:3
Ngokuba okokuqala nganinika lokho engakwamukela nami ukuthi uKristu wafa ngenxa yezono zethu njengokwemibhalo,

Akwanele ukwazi lokhu noma ukukholelwa kukho.

EKAJAKOBE 2:18-26
Kepha omunye uyakuthi: “Wena unokukholwa, mina nginemisebenzi;” ugibonise ukukholwa kwakho agaphandle kwemisebenzi, nami ngizakukukhombisa ukukholwa ngemisebenzi yami. Weni uyakholwa ukuthi uNkulunkulu munye na? Wenza kahle; namademoni ayakholwa, athuthumele. Kepha wena muntu ongelutho uyathanda ukuqonda ukuthi ukukholwa ngaphandle kwemisebenzi kuyize na? U-Abrahama ubaba wayengalungisiswa yini ngemisebenzi enikela nendodana yakhe u-Isaka e-altare na? Uyabona ukuthi ukukholwa kwasebenza kanye nemisebenzi yakhe nokuthi ukukholwa kwapheleliswa ngemisebenzi, Kwagcwaliseka umbhalo oghi, “Kepha u-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga, “wabizwa ngokuthi umhlobo kaNkulunkulu. Niyabona ukuthi umuntu uyalungisiswa ngemisebenzi, kungengokukholwa kuphela. Kanjalo-ke noRahabi isifebe wayengalungisiswa ngemisebenzi yini, ezamukele

izithunywa eziphumisa ngenye indlela na? Ngokuba njengalokhu umizimba ngaphandle komoya ufile, kanjalo nlkukholwa ngaphandle kwemisebenzi kufile.

NGOKUKAJOHANE 12:42-43
Nokho abaningi nasezikhulwini bakholwa nguye, kodwa ngenxa yabaFarisi abakuvumanga, funa bakhishwe esinagogeni; ngokuba babethanda udumo lwabantu kunodumo lukaNkulunkulu.

Mamukele uKristu ngokwemigomo yakhe ukuze ube ngowakhe. Lokho kudinga:

A. Ukholo.

NGOKUKAJOHANE 3:16
Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade.

KUMAHEBERU 11:6
Kepha-ke ngaphandle kokukholwa akwenzeki ukumthokozisa; ngokuba ozayo kuNkulunkulu umelwe ukukholwa ukuthi ukhona nokuthi ungumvuzi walabo abamfunayo.

B. Ukuphenduka.

NGOKUKALUKA 13:3
Ngithi kini: Qha, kepha uma ningaphenduki, niyakubhubha kanjalo nonke.

IZENZO 2:38
UPetru wayesethi: “Phendukani, yilowo nalowo abhapathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.

C. Ukuvuma ukholo lwakho.

NGOKUKAMATHEWU 10:32
Ngalokho-ke yilowo nalowo oyakungivuma phambi kwabantu, nami ngiyakumyuma phambi kukaBaba osezulwini;

KWABASEROMA 10:9-10
Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa; ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube ngukusindiswa.

D. Ubhabhathizo.

IZENZO 2:38-41
UPetru wayesethi: “Phendukani, yilowo nalowo abhapathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu nesabantwana benu, esabo bonke abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Wafakaza nangamanye amazwi amaninge, wabayala wathi: “Zisindiseni kulesi sizukulwane esiphambeneyo.” Ngakho abalamukeleyo izwi lakhe babhapathizwa, kwenezelwa ngalowo muhla abantu kungathi izinkulungwane ezintathu.

IZENZO 22:16
Manje-ke ulibalelani na? Sukuma, ubhapathizwe, uhlambulule izono zakho ngokukhuleka egameni lakhe.’

KWABASEROMA 6:3-4
Kumbe anazi yini ukuthi sonke esabhapathizelwa kuKristu Jesu, sabhapathizelwa kukho ukufa kwakhe na? Ngakho sembelwa naye ngokubhapathizelwa kukho ukufa ukuba njengalokho uKristu wavuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise, kanjalo nathi sihambe ekuphileni okusha.

1 KAPETRU 3:21
enisindiswa ngawo manje nani ngokomfanekiso, okungukuthi ngombhapathizo, kungesikho ukususa insila yenyama kepha ukucela uNkulunkulu unembeza omuhle. ngokuvuka kukaJesu Kristu.

KWABASEGALATHIYA 3:26-27
Ngokuba nonke ningabantwana bakaNkulunkulu ngokukholwa kuKristu. Ngokuba nonke enabhapathizelwa kuKristu nembatha uKristu.

Uma usuzifundile zonke izimfundiso ezikulencwajana kodwa ungakaze ukholwe kuJesu njengendodana kaNkulunkulu, ungakaze unikele impilo yakho kuye, ungakaze uvume ukholo, ungakaze ubhapathizwe, ungathanda ukwenza lesosinqumo njengamanje? Lesisingaba isinqumo esibaluleke kakhulu ongasenza empilweni yakho. Uma ususenzile isinqumo thintana nomfundisi oseduzane nawe. Ungalibali. Inkosi ikubusise.